

Vuk'uzenzele



Produced by Government Communications (GCIS)

English/isiZulu

| Nhlolanja 2019 Ushicilelo I

300 new nurses, thanks to stimulus package



Jubilations! Nurses celebrate the good news of their employment, thanks to President Cyril Ramaphosa's stimulus package.

Nompumelelo Majola recently had to deal with the sorrow of burying her 65-year-old mother who had succumbed to a long illness.

On the day of the funeral, she received a phone call from the KwaZulu-Natal Department of Health telling her that her application to work as an Enrolled Nursing Assistant had been successful.

"I could not believe it," she said. She had spent the past 13 years struggling to find permanent employment.

Majola who originates from Mbumbulu, now works at the Prince Mshini

Memorial Hospital in Umlazi in Durban.

"I'd like to thank President Cyril Ramaphosa and MEC Dr Sibongiseni Dhlomo for making our dreams come true," she said.


The employment of the nurses was part of the stimulus package, which was announced by President Ramaphosa. It aims to boost the public health sector through the creation of more than 5 300 jobs throughout the country.

The provincial depart-

ment is also finalising the appointment of porters, general orderlies, pharmacy assistants and artisans.

Another newly appointed nurse Gugu Mdlalose, from KwaMashu, who has been placed at Wentworth Hospital, said: "This was going to be my 14th year of not working since qualifying as a nurse. I am extremely grateful to Bab' Ramaphosa and the entire health team," she said, fighting back tears.

● Cont. page 2



Innibus Craft Awards now open for entries

Page 16





ALSO AVAILABLE ON:



ANDROID APP ON
Google play



Available on the
App Store

@VukuzenzeleNews
Vuk'uzenzele
 Websites: www.gcis.gov.za
www.vukuzenzele.gov.za
 E-mail: vukuzenzele@gcis.gov.za
 Tel: (+27) 12 473 0353

Free Copy

Sekwenziwe lula ukufakwa kwezicelo zomsebenzi nge-inthanethi

NGOKWETHULWA KOHLELO lokufakwa kwezicelo zomsebenzi

nge-inthanethi, olubizwa nge e-Recruitment, uhulumeni usebonise ukuzibophezela kwakhe ekuphuculen i izimpilo zabantu abasha kanye nalabo asebephethule iziqu zemfundo.



■ Ngokucindezela inkobho nje abantu baseNingizimu Afrika manje sebezokwazi ukufaka izicelo zomsebenzi kahulumeni nge-inthanethi.

Maduzane nje abantu abafuna umsebenzi sebezokwazi ukufaka izicelo zomsebenzi kahulumeni ngohlelo lwe e-Recruitment olwethu-lwa nguNgqongqoshe wezeMisebenzi Kahulumeni Nokuphathwa Kwayo, uNgqongqoshe u-Ayanda Dlodlo.

UNgqongqoshe wathi uhlelo lwe e-Recruitment lusoqaliswa ngokweziga-ba ngezigaba futhi luso-qala ukusebenza eMnyangweni Wezemisebenzi Kahulumeni Nokuphathwa Kwayo (i-DPSA) futhi khona maduze nje lusoqaliswa naseminyangweni kahulumeni yonkana.

"Uhlelo lwe e-Recruitment luyingxene yohle-

lo lukahulumeni wonkana lokwenza kube lula kubantu ukufaka izicelo zomsebenzi kuhulumeni, ikahulukazi entsheni.


"Lolu hlelo luzobanda-kanya futhi nokubuyeke-zwa kwemithethonqubo yayo yonke imisebenzi esemazingeni aphansi ukuze kuvunyelwe ukupashwa kwabantu aban-genaso isipiliyon somsebenzi kumazinga aphansi omsebenzi," kushouNgqongqoshe Dlodlo.

Wathi kuyiqiniso elimsu-lwa ukuthi izinqubo zamane okuqashwa ngazo zidala izingqinamba ku-labo abafuna umsebenzi futhi iminyango kahulumeni ayikashintshi nomaiquuke ukuhambisana noshintsho lwezobuchwephesh.

"Kulabo abafuna umsebenzi, uhlelo olusha lwe e-Recruitment luzoba wusizo kakhulu ngoba lusebenza nge-inthanethi futhi lutholakala ezi-daweni ezihlukene kubo bonke abafuna umsebenzi abazothu-mela izicelo zomsebenzi kwisizindalwazi esisodwa sikawonke-wonke," kuchaza yena.

UNgqongqoshe wathi lolu hlelo olusha luso-siza labo abafaka izicelo zomsebenzi ukuba bafake ama-CV abo nemiquelu ehambisana nawo kanye nje kuphela, futhi lolu hlelo luzobongela imali ngo-ba asisekho isidingo sokwenza amakhophi ezice-lo amanangi.

"Kubalulekile ukugcize-lala ukuthi izicelo zoMse-



■ KwaZulu-Natal Health MEC, Dr Sibongiseni Dhlomo, comforts new nurse Nompumelelo Majola, whose mother recently passed away.

● From page 1

MEC Dhlomo expressed his heartfelt gratitude to President Ramaphosa for the stimulus package, saying that its beneficiaries will be the vast majority of the population who rely on the State for their health needs – particularly those in far-flung areas.

"Today, there are 300 families who have bread-winners. These nurses

have brought tears of joy." Dr Dhlomo said the nurses have been sitting at home for over 14 years. "These are the nurses who are at the bottom of the ladder of the nursing profession, but they mean so much to our people."

"We hope by injecting 300 new nurses into the system, we're going to bring meaning in terms of quality of service to our people." ■

benzi Kahulumeni zisa-zokwamukelwa ngefomule-Z83 ukuze kusizakale nalabo abangenayo inthanethi futhi lokhu kuzotholakala nange-inthanethi ukuze kufakwe izicelo kalula nangendlela e-sheshayo kulabo abane-inthanethi," ngokusho kwakhe.

UNgqongqoshe wathi iminyango kahulumeni izohlomula ngoba lolu hlelo luyabavumela ukuba bakhangise izikhala zemisebenzi ngohlelo-xhumano lwe-inthanethi ngalokho-ke lokhu kunciphisa izindleko eziphatelene nale ndlela esetshenziswayo njenga-

manje yokukhangisa emaphendaben. Lolu hlelo oluyingqayizivele lungumzamo wokubambisana phakathi kwe-DPSA kanye no-Mnyango wase-Gauteng we e-Government.

UMnyango wase-Gauteng we e-Government uhlizeka ngezinsizakusebenza ezidingekayo zokuqhube lolu hlelo, bese kuthi uPhiko Lombuso Lobuchwepheshe Bolwazi (i-SITA) lona lufake isandla ngokuhlinzeka ngamakhono ezobuchwephesh nokuthuthukisw ka kwengqalasizinda. ■

Snews.gov.za



government
communications

Department:
Government Communication and Information System
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

Tel: (+27) 12 473 0089

E-mail: vukuzenzele@gcis.gov.za

Address: Private Bag X745, Pretoria, 0001

Head of Editorial and Production
Tasneem Carrim | tasneem@gcis.gov.za

Editor-in-Chief
Roze Moodley | roze@gcis.gov.za

Managing Editor
Ongezwa Mogotsi
ongezwa@gcis.gov.za

News Editor
Noluthando Motswai

Writers
More Matshediso
Jauhara Khan

Senior Designer
Tendai Gonese

Language Practitioners
Nomgcibelo Motha
Boitumelo Phalatse
Phakamani Dadlana

Vuk'uzenzele
is published by Government Communications (GCIS)

Printed by:

Distributed by:

All rights reserved. Reproduction of the newspaper in whole or in part without written permission is strictly prohibited.

INingizimu Afrika isingene esikhathini sethemba elisha

Dale Hes

Esikhathini esinga-nonyaka esedlule, uMongameli u-Cyril Ramaphosa wasingenisa esikhathini sethemba elisha eNingizimu Afrika. Ngemuva kwesikhathana nje engenile esikhundleni, uMongameli wethula iNkulumo Echaza Isimo Sezwe enohlonze eyayigcizelela ithemba, ukulangazelela kanye neqholo kubantu abayizidigidi ababebukele ezweni lonkana.

Kwakunomuzwa onge-faniswe wenjabulo nge-Nkulumo Echaza Isimo Sezwe yowezi-2018 (i-SoNA). Le Nkulumo yethu-lwa ngesikhathi esifanele Seminyaka Eyikhulu ka-Nelson Mandela: kusukela ngesikhathi sokufika kwentando yeningi labantu akekho omunye uMongameli waseNingizimu Afrika ozizwe enengcindezi engaka ngamathemba abekwe emahlombe akhe. Kodwa-ke inkulomo kaMongameli Ramaphosa yawugculisa impela umphakathi was-eNingizimu Afrika. Yathinta zonke izinto ezimqoka ezi-bhekene nezwe; yaphaka-misa izisombululo ezi-nobuhlakani; futhi yaboni-sa ukuzibophezelu okukhulu ekwakheni iNingizimu Afrika engcono.

Imikhakha eyagxila kuyona i-SoNA yowezi-2018

Njengezinye iziNkulumo eziningi ezake zethulwa phambilini, indaba yokwakhwa kwamathuba omsebenzi, ukukhulisa umnotho, ukulwisana nobubha, eze-

mfundo, ezempilo, izinguquko kwezomhlaba, ukulingana kwezobulili nokulwisana nobugebengu nenkohlakalo kwagxilwa kakhu kakhona eNkulumweni Echaza Isimo Sezwe yowezi-2018. UMongameli Ramaphosa wathi lesi, kwabe kuyisikhathi sokuza-lwa kabusha ngokugcwela kweNingizimu Afrika. Okuyinto ezodinga ukuzimise-la nokuzinikela okukhulu kakhulu kunakuqala.

"Sithweswe ijoka lokwakha isizwe esisha, ukuze silungise lokho okungaqhutshwanga ngobulungiswa esikhathini esedlule futhi silungise nokungalingani okukhona esikhathini samanje. Sibizelwe ukwenza lokhu ngaphansi kwezimo ezinzima."

Ukwakha amathuba omsebenzi

Njengoba kusemqoka kakhulu ekulwisaneni nenhlupheko, ukudala amathuba omsebenzi kwaba wudaba lokuqala olwaphakanyiswa nguRamaphosa enkulumweni yakhe. "Okusemqoka kakhulu ezi-nhlelweni zezwe lethu ngowezi-2018 wukwakha amathuba omsebenzi, ikakhulukazi e-ntsheni," kusho uRamaphosa.

Njengoba ukuntuleka kwamathuba omsebenzi kudlondlobala nje eNingizimu Afrika, uMongameli wagcizelala isidingo esiphuthumayo sokwakha amathuba omsebenzi ngezindlela eziningi ezahlukene. Ukumenyelwa kweNgqungquthela KaMongameli Yezemisebenzi eyayizobandakanya izingxoxo phakathi komkhakha kahulumeni, abezamabhizinisi kanye nezinlangano zomphakathi, kwamukelwa ngezandla ezimhlophe. Kuthe



Le Ngqungquthela eyabanjwa ngasekuqaleni kukaMfumfu, yaba wusizo olukhulu ekwakheni umhlahandlela wokwakha amathuba omsebenzi. Uhlaka lwesivumelwano olwasayinwa kule ngqungquthela lwaveza izinhlelo zokungenelela ezingaphezu kwama-70 okuhloswe ngazo, phakathi kokunye, ukukhuphula isidindo somkhiqizo wasekhaya, ukwandisa nokudlondlobalisa ukuthunyelwa kwempahla yakuleli emazweni angaphandle, ukwakha imigudu yoku-baabantu abasha bafakwe emsebenzini futhi kuthuthukiswe nemikhakha efana nezolimo, ukukhiqiza, izimayini kanye nomnotho wemfucuza.

Ikakhulukazi njengoba intsha ibhekene nokuntuleka kwemisebenzi, uMongameli uRamaphosa uqhakambise izinhlelo ezizohlomulisa i-ntsha. Uhlelo lokulekelela i-ntsha ukuze ithole imisebenzi, i-Youth Employment Service (i-YES) Iwethulwa ezinya-ngenzi ezimbili emva kwe-SoNA yowezi-2018, futhi lolu hlelo luhlinzeka ngezindlela ezinobuchule kwezebhizinisi ezizokwenza amabhizinisi aqashe intsha ezinhlelweni zokuqeleshewa emsebenzini ezikhokhelwayo. Kuthe

kuphela unyaka wezi-2018 besezingama-266 izinkampani ebesezizibandakanye ohle-lwensi lwe-YES, futhi kwaqa-shwa nentsha eyizi-5 500.

Ukuthuthukisa Ezomnotho

Umnotho waseNingizimu Afrika ubulokhu ubhekene nenkinga yokukhula ngesivini esincane kakhulu, futhi waze wangena nasobishini lomnotho ofadalalayo ngasekuqaleni kowezi-2018. Kwehla kakhulu ukwethenjwa komnotho wakuleli ngabatshalizimali, futhi leyo mikhakha enamathuba okukhula amahle kakhulu ibingakutholi ukweskwa ekudingayo ukuze ifake isandla emnothweni.

Ngokuhambisana nesiqu-bulo sakhe sethemba elisha, uMongameli Ramaphosa waqalisu ngokushesha umkhankaso wokuheha abatshalizimali. Waqoka ithimba lezithunywa ezine ezikheth-kile ezizobambisana naye emkhankasweni wokuheha ut-shalomali olungama-R1.2 trillion ngaphambi kowezi-2023. UMongameli Ramaphosa futhi uhambe umhlaba wonke ezama ukubuyisa ukwethenjwa kwaleli ngamazwe angaphandle, ukuze atshale izimali eNingizimu Afrika.

Lo mkhankaso wafinyelela kuvuthondaba ngokubanjwa kweNgqungquthela Yotshalomali eNingizimu Afrika ngoMfumfu, lapho uMongameli amemezela khona ukuthi utshalomali oluthenji siwe lungama-R290 billion, okwengeza kuma-R400 billion athenjiswe ngamazwe awavakashela ngesikhathi somkhankaso wotshalomali. Sekuqagulwe ukuthi lolu tshalomali luzokwengeza ama-R330 billion ku-GDP

yaseNingizimu Afrika ngaphambi kowezi-2024, futhi lwakhe amathuba omsebenzi angafinyelela ezi-275 000 ngyanya.

Uhlelo lukaMongameli Ramaphosa lokukhuthaza nokuvuselela ukukhula komnotho luhlonzwe njengo-hlelo olusemqoka lokunge-nelela ukuze kubekwane nezingqinamba zomnotho eNingizimu Afrika. Lolu hlelo olwamenyezelwa ngoMandulo luthembisa ukusheshisa ukutshalwa kwezimali ekwakhwi-kiwi kwengqalasizinda, izinguquko emkhakheni we-zokuxhumana ngezingingo kanye nowezimayini, ukubambisana phakathi kukahulumeni nabomkhakha ozimele ekwenzeni imisebenzi futhi kwensiwe lula nohlelo lokuthola izimvume zokungena kuleli, okuyinto ezokwenza kube lula ezinkampanini zangaphandle ukuqhube ibhizinisi eNingizimu Afrika.

Ukuqedu inkohlakalo kanye nokuqinisa ukuphatha.

UMongameli usebonise ukuzibophezelu okukhulu ekuqedeni inkohlakalo ngaphakathi kuhulumeni nasezimbonini zikahulumeni. Ikhomishana ephenya ngokubhozonyelwa kombuso iqale ukusebenza emva kwsikhathi esincane nje ethathe izintambo njengo-Mongameli, kanjalo nekhomishana yopheno eqondiswe ku-Eskom kanye no-SARS.

Ukushitshwa kobuholi ezimbonini ezingaphansi kukahulumeni ngenye yezi-nkomba zokuzibophezelu kukaMongameli ukulwisana nenkohlakalo nokuqinisa ukuphatha. ■



UHlelo lwe-YES wuhlelo olwasungulwa nguMongameli Ramaphosa njengentuba yokuvulela intsha amathuba omsebenzi.